KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UMPHUMULO DISTRICT
HOSPITAL

INKANYEZI YASEMPHUMULO
NEWS
SEPTEMBER 2023

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# ISIBHEDLELA KUBANTU



Amalunga omphakathi waseCubhu ezothola usizo lwezempilo ehholo lomphakathi.

Umthetho-sisekelo walelizwe ( Constitution ) ukubeka ngokusobala ukuthi wonke umuntu unelungelo lokuthola usizo lwezempilo kepha ngeshwa akwenzeki lokhu ngenxa yezinqinamba ezithile amalunga omphakathi ahlangabezana nazo.

Esinye sezizathu esisobala ukuthi iningi labantu alikwazi ukufinyelela ezikhungweni zezempilo ngenxa yobude bebanga abalihambayo uma beyofuna usizo. Kanjalo nasendaweni ya-KwaMaphumulo ziningi izindawo lapho abantu bedinga khona usizo lwezempilo kepha bagcina bengalutholanga usizo ngenxa yobubanzi bendawo.

# ISIBHEDLELA KUBANTU



**U-Dr. Gumbi ekhuluma nabantu besilisa mayelana nezifo eziyingozi ezihlasela abantu besilisa.**

Ithimba labaphathi esibhedlela Umphumulo libe selihlonza enye yenzindawo eyaziwa ngokuthi iseCubhu Hall lapho umphakathi wakhona kubathatha amahora amathathu ukufinyelela emtholampilo waseMthandeni. Kuthe mhla zingu 30 -Agasti 2023 kwaphuma ithimba labasebenzi emikhakheni eyahlukene bayonikezela ngosizo lwezempilo kulomphakathi ontulayo ngokwezidingo zezempilo

Amanye amalunga omphakathi abika ukuthi kudingeka bagibele kaningi uma beyofuna usizo lwezempilo lokhu okugcina sekwenza abanye bengabe besazikhathaza ngokuya emtholampilo.

Ngaphambi kokuba kuqale ngokunikezela usizo, umphakathi ufundiswe ngezinye zezifo ikakhulukazi lezi eziyingozi okumele baziqikelele. Babe sebenxuswa ukuba bahambe beyohlolwa ukuze basheshe bathole usizo uma kwenzeka ukuthi sebengenwa ezinye zalezi zifo.

Umphathi wesibhedlela u Dr. M.J. Zulu ubonge amalunga omphakathi ngokuphuma ngobuningi bawo. Ube esebaqinisekisa ukuthi bazokwenza ngakho konke okusemandleni ukuthi uyafika umtholampilo owumahambanendlwana ozofikela khona ehholo laseCubhu okungenani kanye ngenyanga.

# CHIEF EXECUTIVE OFFICER'S COMMENTS

Ngifisa ukuthatha lelithuba ngibingelele bonke abasebenzi kanye nomphakathi wonke wasendaweni ya-KwaMaphumulo. Kuyintokozo enkulu kimi ukuphinde ngithole lelithuba lokunethulela iphepha-bhuku lethu elikhuluma ngokwenzeka esibhedlela sethu kanye nasemitholampilo yethu.

Ngizoqala ngokubonga bonke abasebenzi bethu ngokuqhubeka nokunikezela ngosizo olusezingeni eliphezulu kwiziguli zethu. Lokhu kufakazelwe ukuthola ukuhlonishwa ihhovisi lomnyango wezempilo elizimele elaziwa ngo-OHSC , lapho umtholampilo wethu wase-Mthandeni uye wathola isitifiketi esiqinisekisa ukuthi sebelulungele uhlelo lwe-NHI oluzoqala ukusebenza ngonyaka ka -2026.

Imitholampilo yethu yonke iphinde yahlolwa ngaphansi kohlelo olwaziwa ngo-PPRTICRM , nakhona futhi lapho kutholakale ukuthi senza kahle kakhulu saphumelela ngamalengiso.Siyabonga kakhulu ukubambisana kwabasebenzi okuyikhona okwenze ukuba siphumelele.

Siphinde sahambela umphakathi wasendaweni yaseCubhu lapho besihambise khona Isibhedlela Kubantu ngenhloso yokuyonikezela ngosizo lwezempilo njengoba lomphakathi ungakwazi ukufinyelela kalula emtholampilo. Amalunga omphakathi aluthokozele kakhulu lolu hlelo njengoba abephume ngobuningi bawo. Umphathi wesibhedlela u-Dr. Zulu ubathembisile ukuthi uMnyango Wezepilo uzoqinisekisa ukuthi uyabavakashela okungenani njalo ngenyanga ukuzobahlinzeka ngosizo lwezempilo.

Ngithanda nokudlulisa okukhulu ukukhathezeka mayelana nokunyuka kwezinga lokukhulelwa kwamantombazane amancane. Lokhu kubeka ikusasa labo engcupheni yokutheleleka ngezifo ezingalapheki , ukuthola abantwana abakhubazekile, ukulahlekelwa ikusasa labo ngoba abanye bagcina bengasaqhubeki nokufunda sekumele basale nabantwana. Siyafisa ukuba umphakathi wonkana ubambisane nathi ukunqanda lesihlava. Laba bantwana bayikusasa lethu ingakho simelwe umsebenzi omkhulu wokuba sikhulume nabo

Sengiphetha ngifisa ukugqugquzela bonke abantu besilisa abangakasoki ukuba babhalise emitholampilo esondelene nabo. Ukusoka kubalulekile ngoba kunciphisa amathuba okutheleleka ngegciwane lengculaza kanye nesandulela-ngculaza.

Okokugcina ngifisa ukubongela bonke abasebenzi abaye bathola ukunyukela ezikhundleni ezithe thuthu khona lapha esibhedlela nasemitholampilo. Kuyisifiso sami ukubona bonke abasebenzi benyukela ezikhundleni eziphezulu ngenxa yokusebenza ngokuzikhandla nangokuzimisela. Ngiyabakhuthaza ukuba baqhubeke nokuziphatha kahle emsebenzini baphinde baqhubeke nokwazisa iziguli kanye nabanye ozakwabo emsebenzini.

# UMGUBHO WOSUKU LWABESIFAZANE



**Abasebenzi bethokozile ngosuku lwabo olukhulu lokugubha inyanga yabantu besifazane**


Abasebenzi besifazane basesibhedlela Umphumulo kanye nabasemitholampilo babe nomgubho wabantu besifazane mhlaka 23 Agasti 2023. Inhloso yalolusuku bebebungaza igalelo labantu besifazane abamashela e-Union Buildings ngonyaka ka 1956 ukulwisana nomthetho wokuphathwa kwamapasi owawubhekwise kwabebala elimnyama. Ngalolu-suku abantu besifazane bathole ithuba lokulalela izinkulumo ezinohlonze kanye nezakhayo. Abasebenzi bamukelwe u-Mrs. Selepe

( Finance Manager ) obonge bonke abantu besifazane ngegalelo abalidlalayo emphakathini kanye nasemakhaya abo.

Phakathi kwezikhulumi ebezikhona kubalwa u- Dr. A. Mhlophe okhulume ngokubaluleka kokuzinakekela kubantu besifazane. Ubaqhwashise ngokuhlolela umdlavuza webele kanye nowesibeletho. Uphinde wabachazela ngezindlela zokuzivikela uma beya ocansini kanye nabalingani babo. Ubachazele nangephilisi elibizwa ngo-Prep okuyiphilisi olithatha zinsuku zonke ukugwema ukutheleleka ngesandulela-ngculazi. Abesifazane baphinde bakhuthazwa ngokubaluleka kokuzinakekela zikhathi zonke.

# UMGUBHO WOSUKU LWABESIFAZANE





**Ngakwesokunxele : U-Dr .A. Mhlophe exoxisana nabesifazane mayelana nokuzinakekela. Kwesokudla : u-Nksz. Nozipho Majola osuka kwa-Lifeline Durban obeyisikhulumi sosuku**

Omunye wezikhulumi uNksz. Nkadimeng ( Dietician ) ukhulume ngokubaluleka kokudla abakudlayo ukuze bazigcine bephilile zikhathi zonke. Uphinde wabakhuthaza ngokubaluleko kokuba nezingadi ezincane emakhaya ukuze behlise izindleko zokuthenga izitshalo njengoba nesimo somnotho sintengantenga.

Alisalanga ngaphandle iphuzu elibalulekile elimayelana nokonga imali kanye nokuyisebenzisa ngendlela efanele. U-Miss Gugu Mcambi wakwa Old Mutual uhlomise imbokodwe ngohlobo lwemishwalense okumele bayithathe ukwenzela noma beficwa isikhathi sokudlula emhlabeni abantwana babo bengasali beswele. Ubafundise nangokubaluleka kokuba ne-will ukuze kungasali kuba nomdonsinswano uma esehambile umama wekhaya.

Abesifazane baphinde bathola inkulumo enohlonze ngo– Miss Nozipho Majola obeqhamuka kwa-Life Line Durban obeyisikhulumi sosuku. Uqwashise abesifazane mayelana nokuhlukunyezwa kwabo kanye nabantwana. Ukhulume ngezinhlobo eziningi zokuhlukumezeka okubhekiswe kubantwana kanye nabamt besifazane. Ube esenxusa ukuba babike kusanesikhathi uma bezithola behlukumezeka ukuze bakwazi ukusheshe bathole usizo.

# PROMOTION OF EMPLOYEES



Smiles were all over the faces of more than 17 employees who got promotions

It was  a day filled with mixed emotions when more than 17 staff members were promoted to higher positions.

Hospital Management gathered in the  hospital's board room to celebrate newly promoted employees on the 1st August 2023. Mrs. Ndlovu warmly welcomed all staff in a high spirit.

Mrs. Ndlovu said it was definitely the most exciting moment and a life-changing opportunity for most staff members as others have served in lower positions for more than 20 years. She further pleaded with staff to continue representing themselves very well in front of management , clients and fellow colleagues. She also reminded staff that some of them are the bread winners and their families are mainly dependent on them . Other managers also concurred with Mrs. Ndlovu , encouraging staff to always portray positive attitude , advised them not to change their personality just because of new positions.

Mr. Msomi who was amongst these employees shared his sentiments saying it was indeed the best moment of their lives. He thanked management  for trusting them with these positions and he gave assurance to serve with dignity and pride.

# HEALTH & SAFETY MONTHLY INSPECTION



Part of the Health and Safety Committee Members during an unannounced inspection

The safety of employees is considered as a number one priority in each and every organization. It is the employer's responsibility to ensure there is a safe and conducive work environment for all employees.

Umphumulo Hospital Health and Safety Committee pride itself for being compliant and adhering to Health and Safety regulations. This formally appointed committee sits on a monthly basis to discuss safety issues in the hospital and clinics. All departments in the facility have representatives who report to this committee. Members are the ones who report about safety hazards and action plans are implemented to improve safety of employees.

The committee also conducts unannounced inspections to different departments to ensure that everything is in place. On the 27th July they conducted an inspection in the main kitchen and they were compliant with most of the required items.

# KUKHUTHAZWA UKUNCELISA UBISI LWEBELE




Iziguli ebezihambele umtholampilo , abansebenzi kanye noNompilo ( CHW's ) belalele izinkulumo

Iviki lika-mhlaka 1-7 Agasti minyaka yonke kusuke kugqugquzelwa umhlaba wonke mayelana nokubaluleka kokuncelisa ubisi lwebele . Omama abakhulelwe kanye nalabo abanabantwana abancane bayafundiswa baphinde bakhuthazwe ngokubaluleka kokuncelisa ubisi lwebele.

Isibhedlela Umphumulo kanye nemitholampilo engaphansi kwaso abasalanga ngaphandle ukuba yingxenye yalemikhankaso. Abahlengikazi, Osomsoco ( Dietitians ) kanye nabeluleki bezokudla ( Nutrition Advisors ) bagqugquzele omama ukuba bancelise abantwana ubisi lwebele ngoba lusiza ngalezindlela ezilandelayo :

- Ubisi lwebele lunomsoco.
- Ubisi lwebele luvikela umntwana ekungenweni izifo ezifana nesifo sohudo.
- Ukuncelisa ubisi lwebele konga imali.
- Ukuncelisa ubisi lwebele kunciphisa ububha futhi kwenza ukuthi kubekhona ukudla.
- Ubisi lwebele luhlezi lufudumele.
- Izingane ezinceliswe ubisi lwebele zikhaliphile.
- Ukuncelisa ibele kuyilungelo labantu kanye nezingane.

# MEN'S FORUM LAUNCH




Umphumulo male employees from the hospital and clinics gathered in the hospital chapel

Umphumulo Hospital successfully launched the Men's Forum on the 6th September 2023 at Umphumulo Hospital Chapel. The hospital CEO and Medical Manager Dr. Zulu warmly welcomed all men and expressed his gratitude to all men who took an initiative towards a successful launch.

He said the forum was going to assist men in a workplace to share and discuss important issues such as men's health , work-related issues , finances etc. It was also emphasized that men need to play a vital role in the fight against Gender– Based Violence. Members were formally appointed by Mr. Kunene from Ilembe District Health Office and they are :

- **Mr. S.W. Myeni—Chairperson**
- **Mr. S. Dlamini— Deputy Chairperson**
- **Mr. N .J. Ndlovu—Secretary**
- **Mr. M.I. Zondi— Deputy Secretary.**

Men were treated into a mouth-watering lunch.

# ACCREDITATION FOR MTHANDENI CLINIC



Mthandeni Clinic staff together with Umphumulo Hospital Management and Mr. Mathibela ( Ward Councillor )

It was indeed a blissful day for Mthandeni Clinic when they celebrated their achievement. In January 2021 the clinic was assessed by OHSC using the OHSC tool version 1.0 unfortunately the status was not achieved due to some elements not being implemented.

On the 24th November 2022 the clinic was re-assessed , achieved elements that were not achieved in 2021 and got compliance with excellence. The facility is now accredited to implement NHI in 2026 meaning Mthandeni Clinic is providing quality care services to the community. Senior Management thanked the Operational Manager Sister .H. Makhoba and staff for their hard work towards achieving the status. Dr. Zulu commended the staff and encouraged them to continue providing excellent service to the community at large. He emphasized that staff should ensure the status is maintained always.

# ACKNOWLEDGEMENTS



Dr. M. J. Zulu ( CEO & Medical Manager )

Chief Editor



Sr. N. J. Hlongwane ( QA Co-Ordinator)

Sub- Editor



Mrs. T.F. Mbonambi ( PRO)

Writer , designer & photographer

**IKUPHI OKUMELE UKWENZE UMA UNESIKHALAZO , ISINCOMO NOMA UMBONO**

Uma unesikhalazo ,isincomo noma umbono ungaxhumana no Mrs. Thandeka Mbonambi owu-Mxhumanisi Wesibhedlela nomphakathi kanye nemitholampilo engaphansi kwesibhedlela ku - 032 481 4193 , noma uxhumane noMphathi Wesibhedlela u-Dr. M.J. Zulu ku 032 481 4101.

Uma useMtholampilo ungaxhumana nomphathi woMtholampilo. Izinombolo zabo zibhaliwe ezindongeni kuzona zonke izindawo lapho kubonwa khona iziguli.